**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lokuqala)**

**ISIKHATHI: Amahora amabili**

**IMIKLOMELO: 80**

**IMIYALO:**
- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B no- C.
- Phendula yonke imibuzo ekuleso naleso sigaba.
- Yonke imibuzo iphendulwe ngesiZulu esamukelekile.

ISIGABA A

**UMBUZO 1**

Funda lezi ziqephu ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

**Isiqephu A**

1. Ayikho into eyisigebengu ngokwami. Lezi zingane ezihlukumeza umphakathi zizalwa abazali. Yibo laba abakhala ngezigebengu. Libunjwa liseva. Izingane zizalwa yithi, zikhuliswe yithi.
2. Ubugebengu bungaphela ngokushesha uma umphakathi ungabambisana. Uhulumeni nezigungu zakhe eziqondene nobulungiswa kwezobugebengu ababambisane nomphakathi. Yiculo elidala-ke ukuthi umphakathi ukhala esikaNandi ngobugebengu. Iyaxaka le ndaba. Obani abakhokha inhlawulo yezingane eziboshiwe? Akusibo abazali? Ngiyaphinda ubulungiswa bulele kubo abazali bezingane uqobo.
3. Kukangaki abazali belulekwa ngokuthi bangalokothi badle ukudla okufika nesigebengu? Siyazi ukuthi okuya ethunjini kubalulekile kodwa hhayi njengokuqedwa kobugebengu. Iwona kanye umphakathi othenga izimoto nezimpahla ezebiwe. Asithenge ezitolo bakithi, kuyabiza siyazi vele. Kufanele sizifundise ukuthi yonke into esizoba nayo empilweni izophuma ekusebenzeni kwethu kanzima. Masibe abalungisiweyo ukuze ubulungiswa benzeke buqedwe nya ubugebengu.
4. Kuyisifiso sawo wonke umuntu ukuthi ubugebengu bugxekwe emndenini, kubangani, kubantu esisebenza nabo nakithi imbala. Asiseke kakhulu izinhlelo zikahulumeni ezisebenzela ubulungiswa ebugebengwini. Kungakuhle kodwa uma umphakathi ungakha izinhlaka zokulwa nobugebengu. Uma iqembu elibhekene nobugebengu seliqokiwe kufanele libe nephoyisa, uthisha, ummeli, unesi, udokotela nabanye ababalulekile emphakathini. Lokhu kusiza kakhulu uma umphakathi usufundiswa ngobubi bobugebengu. Intsha okuyiyona esetshenziswa ngabantu abadala ebugebengwini izwa kahle uma ikhuzwa ngabantu abanohlonze emphakathini.
5. Sikhona isikhalo sokuthi abantu abafundile nabanamabhizinisi basonga izandla bahudule izinyawo uma kudingidwa izihloko ezilwa nobugebengu. Kubi lokhu ngoba intsha iyathunywa ukuba ibasuse abanohlonze nemfundiso enhle emphakathini. Kungakho-ke kufanele kube yibona abaphumela obala bathi: "Muhle impela lo msebenzi eniwenzayo zigebengukodwa muhle kinina kuphela ngoba thina esiwusizo emphakathini siyaphela. Sishatshalaliswa okwamazolo. Ukuphela kwethu ukuphela kwesizwe esiqotho, esinenhlonipho nokuthula.'

1.1 Uma usuyifundile le ndaba. Chaza ukuthi ubugebengu bungavikelwa kanjani? Bhala kube kubili. (2)

1.2 Bhala igama lezigungu ezisebenza ngokuphathelene nobugebengu. (1)

1.3 Kusho ukuthini lokhu:

1.3.1 libunjwa liseva.

1.3.2 ukukhala esikaNandi. (2)

1.4 Kungani abanye abantu bethenga izinto ezigebengwini? (2)

1.5 Yini lokhu "okuya ngasethunjini"? (1)

1.6 Ngobani abamele ukuba seqenjini eliqokelwe ukulwa nobugebengu? (2)


1.7 1.7.1 Wena ngabe uyavumelana yini nomlobi wale ndaba ngakushoyo ngobugebengu esigabeni sokuqala? Sekela impendulo yakho. (3)

1.7.2 Esigabeni 5 uthini umyalezo womlobi? Bhala ngamagama akho. (2)
**[15]**

Funda le ngxoxo ephakathi kukaThabo noMbali bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Isiqephu B**



3. Ngiyesaba ukumtshela kuzothiwa ngimeshela ngoba kungumfundi ophasa ukudlula wonke umuntu ekilasini. Ukhaliphile ezifundweni zakhe.



4. Kungcono ngimthengele isipho esihle ngizokwazi ukukhuluma naye, ngizokweba imali kamama ngigcwalise ngeyami yokudla ngizohamba ngezinyawo ukuya esikoleni.



5. Mbali nasi isipho sakho engikuthengele sona ngikuthengele ngoba ngiyakuthanda.

6. Ngiyabonga Thabo nami ngiyakuthanda.



7. Ngifuna ukumtshengisa ukuthi ngiyindoda. Uzocabanga ukuthi ngiyisilima uma ngingenzi izinto ezenziwa ngabanye abafana kufanele ngiqale ukubhema. Ngizomcela ukuthi angivakashele ekhaya.



8. Uzongiyeka uma ngimtshela ukuthi asikafiki isikhathi sokuthi ngivakashele kubo.



9. Ungithengele nesipho esihle nginamahloni ukumtshela.






10. Ngizomcela ukuthi eze ekhaya singayi esikoleni abazali bazobe beye emsebenzini sizozijabulisa.


11. Ngizomtshela kanjani ukuthi ngifuna eze ekhaya?


12. Uthisha wami ubone okuthile kimi ufuna ukungibona. Ngizothini angiphasanga zonke izifundo zami. Ngihlala ngicabanga ngoThabo. Sengisaba nokuphendula ekilasini uma uthisha ebuza umbuzo.


13. Kuthiwa angiyobiza abazali bami, ngizothini kubo?


14. Thabo kuthiwa ngiyobiza abazali bami mina ngiyesaba ukuya ekhaya ngcono sibaleke.
Cha, mina ngifuna ukufunda uzozibonela angingeni mina lapho.

1.8 UThabo wayefunda liphi ibanga? (1)

1.9 Kungani UMbali ayesaba ukutshela isoka lakhe ukuthi asikafiki isikhathi sokuvakashelana? (1)

1.10 Imali yokuthenga isipho sikaMbali uThabo wayeyithathephi? Bala izindawo ezimbili. (2)

1.11 Kuthiwa uMbali wayengasaphumeleli ezifundweni zakhe kwakubangelwa yini lokho? (2)

1.12 Ngokuzwa kwakho le ngxoxo uThabo wameshela uMbali ngoba emthanda yini? Ukusho ngani lokho? (2)

1.13 Abazali bakaMbali babebizwelani esikoleni? (2)

1.14 Wena ukube bewunguMbali ubungayixazulula kanjani le nkinga. (2)

1.15 Uma ufunda le ngxoxo kuyabonakala ukuthi bobabili abakakhuli engqondweni ngokwanele uthini ngalokho? Sekela ngesibonelo esisendabeni. (2)

1.16 Yini eyabangela uThabo ukuthi aqale ukubhema ugwayi? (1)

1.17 Yikuphi okufakazela lokhu kule ngxoxo?

UThabo kwakungakafiki isikhathi sokuthi abheme. (1)

1.18 Phendula ngo-YEBO noma ngo-CHA

1.18.1 UThabo wake washela ngaphambilini. (1)

1.18.2 UMbali wayephumelela ezifundweni zakhe ngaphambi kokuba abe nesoka. (1)

1.18.3 UThabo wayezogibela isitimela uma eya esikoleni emva kokuthengela uMbali isipho. (1)

1.18.4 Abazali bakaThabo bebazi ukuthi uThabo unentombi ngoba bebaya kubo kaThabo. (1)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [35]**

ISIGABA B

**UMBUZO 2**

Fundisisa le ndaba elandelayo bese uyifingqa ibe ngamaphuzu alishumi kuphela. Bhala amaphuzu kuphela.

**Kucutshungulwa umthetho wemifaniswano**

IZINGANE zesikole zingase zivunyelwe ukuba zingagqoki imifaniswano yesikole ngaphandle kwemibandela. Lokho kungasho ukuthi abafisa ukugqoka imifaniswano baphinde bafake ezinye izinto ezihambisana namasiko nezinkolelo zabo ezifana nezigqoko zamasulumane bangase bavunyelwe ukukwenza lokhu.

Lokhu kudalulwe yikomidi elibhekene nokwakha umthetho ozolawula indlela okugqokwa ngayo imifaniswano ezikoleni zaseNingizimu Afrika.

Omunye wamalungu aleli komidi, uMnuz George Boinamo weqembu leDA, uthe umfaniswano wesikole kufanele uhlukaniswe nezinkolo namasiko ezingane.

"Akufanele sivumele izingane zigqoke imifaniswano ehambisana nezinkolo. Uma kunjalo ngabe kusho ukuthi abenkolo yamaRasta kungafanele bavunyelwe ukuza ezikoleni nemiyeko, babheme nensangu ngoba nje kuyinkolelo yabo," kusho uBoinamo.

Le mpikiswano iqubuke ngemuva kombuzo welinye ilungu laleli komidi, uMnu. Ismail Vadi, obefuna ukwazi ukuthi abenkolo yamaSulumane bazovunyelwa yini ukuba bagqoke ngokwenkolo yabo.

Umthetho olawula indlela yokugqokwa komfaniswano ezikoleni wakhishwa ngoMashi kulo nyaka ukuze amalungu omphakathi akwazi ukuwufunda aphinde aphawule ngawo ngaphambi kokuthi kuthathwe izinqumo ezingumnqamula juqu.

UBoinamo uthe ngesikhathi bephenya kabanzi ngokugqokwa kwemifaniswano ezikoleni kwacaca ukuthi izikole eziningi zisebenzisa imifaniswano emba eqolo nokuba nzima kwezinye izingane ukuba zibe namandla okuyithenga.

Uthe into ebalulekile okudingeka igcizelelwe ezikoleni, yindlela elula hhayi le ekwenzeka ngayo ezikoleni eziningi.

Uthi kuyacaca ukuthi izikole zisasebenzisa indlela endala nesiphelelwe yisikhathi emifaniswaneni.

Iningi lamalungu aleli komidi libeke umbono wokuthi kumele izikole zithole indlela ehambisana nezikhathi zamanje uma zikhetha imibala nendlela yokugqokwa kwemifaniswano ezikoleni.

***Intatheli yeSolezwe***
**18 April 2005**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [10]**

ISIGABA C

**UMBUZO 3**

| |
|---|
| Abantu banenkolelo yokuthi uma uzacile unengculazi. Wonke umuntu uyesaba ukuzaca. Uma umuntu efuna ukwehlisa umzimba kuye kube nzima. Yibona labo bantu abenza ukuthi umuntu onalesi sifo angamukeli isimo akuso. |

3.1 Tomula isabizwana senani esisetshenziswe esiqeshini, bese uzakhela owakho umusho ngaso. (2)

3.2 3.2.1 Isibanjalo esithi 'yibona' sisuselwe kusiphi isabizwana.

3.2.2 Sigagule leso sabizwana

3.2.3 Sisebenzise emshweni (3)
**[5]**

**UMBUZO 4**

Yisho ukuthi lawa magama adwetshelwe ashiwo kumuntu okusiphi isimo. Khetha izimpendulo kulawa magama agezansi.

Umangele, ukuphika, ukunxephezela, ukujabha nokuphelelwa yithemba, ukubingelela.

4.1 Hhawu! UThemba usesishiyile emhlabeni.

4.2 Shwele nkosi ngonile.

4.3 Sanibonani nilibangisephi ekuseni kangaka?

4.4 Chabobo akuyena othathe imali.

4.5 Wo! hhe uSipho lo ongesenamali namhlanje? **[5]**

**UMBUZO 5**

Lungisa amagama akubakaki ukuze azwane nemisho.

Umculo 5.1 (waikwaito) udla ubhedu entsheni. Lolu hlobo 5.2 (laumculo) luthandwa kakhulu yintsha. Phela laba baculi sebenze imali 5.3 (ainingi) 5.4 (ngaumcula) wabo. Uma ungena 5.5 (esangoini) uma bezocula ukhokha imali eningi bese 5.6 (behlupha) yizigebengu. **[6]**

**UMBUZO 6**

Faka izivumelwano zesichasiso ezikhaleni ukuze zizwane nemisho.

Insizwa 6.1 ..... (inani) imbe yangena endlini iphethe ivolovolo yathatha yonke imali 6.2 ..... (ongumnini) mi yashaya yachitha. Le nsizwa yayigqoke ibhulukwe 6.3 ..... (isibaluli) mnyama 6.4 ..... (isiphawulo) khulu ngomzimba. **[4]**

## UMBUZO 7

Qondanisa izisho ezilandelayo nezincazelo zazo.

| | | | |
|---|---|---|---|
| 7.1 | Ukuzishaya isifuba. | Ukudlala ngento okungadlalwa ngayo. | |
| 7.2 | Ukukhetha iphela emasini. | Ukweba. | |
| 7.3 | Ukuthatha ngozwane. | Ukuzithemba. | |
| 7.4 | Ukudla kusale. | Ukubandlulula. | |
| 7.5 | Ukudlala ngegeja kuziliwe. | Ukudla kahle. | **[5]** |

## UMBUZO 8

Sebenzisa izenzo ezingezansi ukwakha izimpambosi ezilandelayo bese wakha imisho ngazo.

8.1 dlala (impambosi yokwenziwa)

8.2 cula (impambosi yokwenzisa)

8.3 thenga (impambosi yokwenzeka)

8.4 dla (impambosi yokwenzeka)

8.5 funda (impambosi yokwenzana) **[10]**

**MIKLOMELO YESIGABA C: [35]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**